ISAZISO SOMPHAKATHI

ISIMEMO SOKUBA KWI-DATABASE

YOHLELO LOKUHLAZIYWA KWESIMO SEMVELO (SEA)

UMasipala weTheku usuqale uhlelo lokuhlaziywa kwesimo semvelo kulo lonke iTheku. Inhloso yalolu hlelo ukwazi kabanzi ngezinsiza ezitholakala emvelweni njengamanzi, umoya, izihlahla kanye nokunye okunomthelela emvelweni. Loluhlelo luyindlela yokuthola isisombululo ngezinselela ezibhekene nezemvelo nokuthi izakhamizi zazikabanzi ngokubaluleka kokongiwa kwezemvelo. Luzosiza ekutheni uma kunentuthuko eyenzakalayo kuqikelelwe ekutheni ukulondolozwa kwemvelo kuyabhekeleleka. Lokhu kuzoqinisekisa ukuthi izethulo zibe yingxenye yokuhlela kuMasipala nokuthi kuqikelelwe ekutheni izinto ezingamagugu ezitholakala emvelweni zihlala zigcinekile.

Umthetho kazwelonke olawula ezokuhlela nokusetshenziswa komhlaba, owaziwa nge-SPLUMA, ka-2013, udinga ukuba kwenziwe ukuhlaziywa okunzulu kwesimo semvelo endaweni kaMasipala okufanele kwakhelwe phezu kwawo uhlaka oluyisisekelo lwentuthuko, olwaziwa nge-Spatial Development Framework (SDF).

Eminye imininingwane ngalolu hlelo itholakala kuleli kheli: **http://www.durban.gov.za/City_Services/development_planning_management/environmental_planning_climate_protection/SEA/Pages/default.aspx**. Ukubhalisela ukuba kwi-Database yaloluhlelo sekuqalile kanti kuzovalwa ngomhlaka 30 Ephreli 2019

NGOLWAZI OLUPHELELE NOMA UNESIFISO SOKUBA KWI-DATABASE UNGAXHUMANA:

noRefiloe Ntoi kule nombolo yocingo:031 322 8533 • nge-email: refiloe.ntoi@durban.gov.za
NOMA UJoanne Douwes: 031 311 7697 • nge-email: joanne.douwes@durban.gov.za

SC Nzuza
IMenenja yeDolobha